**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKUPHENDULA ISOYI LOMGWAQO U-P602 EMZIMKHULU, MHLAKA 08 AGASTI 2013.**

Mphathi wohlelo;
Inkosi yesizwe;
Amakhosi eseNdlunkulu akhona;
AmaLungu esiShayamthetho akhona;
Imeya yesiFunda iSisonke uKhansela uNdobe;
IziMeya zemiKhandlu yonke engaphansi kweSisonke;
Amakhansela akhona;
Izinduna;
Abasebenzi beminyango ngokwehlukana kwayo;
Amalungu ezinhlaka esisebenzisana nazo ama-RRTF, ama-CRSC, i-PTPA, uVukuzakhe noZibambele;
Abezindaba;
Umphakathi wonke ngiyanibingelela.

Kuyintokozo ukuthi egameni lomNyango wezokuThutha noHulumeni wonke waKwaZulu-Natal sesiphinde sathola leli thuba lokuzohlangana nomphakathi walapha eSisonke ikakhulukazi eMzimkhulu sizokhuluma ngezindaba ezithinta intuthuko.

Ngithi sesiphindile ngoba phela phezu kokuba singaqali nathi njengomNyango ukufika lapha, kodwa siyazi futhi ukuthi uHulumeni wesifundazwe nje wonke uhlala ubathumela oNgqongqoshe abehlukene ukuba bazokhuluma ngezinhlelo ezibhekene ngqo nokuthuthukiswa kwendawo yaseMzimkhulu.

Lokhu kusukela nasemlandweni esiwaziyo sonke ukuthi uMzimkhulu ungenye yezindawo ezahlukunyezwa kakhulu ingcindezelo yobukoloni neyobandlululo okwashiya imiphakathi yakithi isele emuva ngentuthuko, kunganyakazi lutho nje.

Ngenkathi uMzimkhulu uwela esifundazweni saKwaZulu-Natal ngo-2006, imigwaqo eyayikhona yayisesimweni esibi kakhulu. Umphakathi wale ndawo wawubhekene nenhlekelele uqobo ekuhlaleni nakwezomnotho naphezu kokuba unamathuba amahle okuthuthuka kwezolimo nezokuvakasha.

Ngemuva kokubona lokhu lo Hulumeni oholwa nguKhongolose wabe usuqala wenza izinhlelo zokuqinisekisa ukuthi indawo yaseMzimkhulu ibekwa eqhulwini, lokhu esithi i-*priority*, ukuze kube nemali eqondene ngqo nokuvala igebe elalikhona kwingqalasizinda.

Kusukela ngo-April 2007, umNyango wezokuThutha kaZwelonke wabe usuqala wanikezela ngo-R96.6 million esifundazweni ukuze kwakhiwe ingqalasizinda yomgwaqo entsha nokuthi kulungiswe kabusha leyo ekhona kule ndawo yaseMzimkhulu.

Kuthe uma kuqala ihlandla lalo Hulumeni ngo-2009 savumelana ukuthi nakuba sithatha izintambo esikhathini esimbi senzikamnotho emhlabeni wonke, kodwa kumele siqhubeke nokuyifaka imali futhi sizame ukuyenyusa unyaka nonyaka wezimali ukuze kuphuthunyiswe izidingo zalapha.

Kuhambe kwahamba saze sathi ukuba ngcono isimo sezimali esifundazweni njengoba namhlanje sesikwazi nokusho ukuthi imali esesiyifake lapha eMzimkhulu singumNyango wezokuThutha KwaZulu-Natal kulo nyaka wezimali ka-2013/2014 ingu-R194 million.

Njengoba namhlanje siphendula isoyi lomgwaqo lokho sekuwuphawu lwako ukuthi isiyasebenza le mali esikhuluma ngayo.

Ngakho-ke umcimbi wanamhlanje ngowokuba sinazise ukuthi sekuyaqala ukufakwa kwetiyela emgwaqeni u-P602 kusuka eFranklin ubheke eCreighton. Lo mgwaqo ungu-43.28 km ubude kanti usuwonke kanye namabhuloho azodingeka kuwona uzodla imali ebalelwa ku-R450 million.

Kodwa ngenxa yobude bawo kuzodingeka siwakhe ngezigaba ezine kule minyaka emihlanu ezayo. Esokuqala isigaba sizokudla u-R87.6 million kanti kulindeleke ukuba sona siphele ngonyaka ka-2015. Kodwa kulo nyaka wezimali ka-2013/2014 sesiwufakile u-R20 million njengoba usuqala umsebenzi khona kule nyanga ka-Agasti.

Phela njengoba sisho, asisezile ukuzokwenza izethembiso lapha kodwa sesizoshiya i-*project* ukuthi iqale isetshenzwe ukuze umphakathi uyibone ngamehlo intuthuko.

Kukhona namathuba emisebenzi abalelwa ku-1260 azodaleka kubantu bendawo ngenkathi kuqhubeka uhlelo lwalo mgwaqo. Kodwa esigabeni sokuqala nje silindele ukuthi kuvele amathuba emisebenzi angu-290 kubantu bendawo. Sizoqinisekisa ukuthi kusetshenziswa osonkontileka asebemnkantshubomvu kanye nalabo abasafufusa ukuze kushiyelwane amakhono.

Njengomgomo wethu wokuthi izindleko zokwakha kumele zibe yinzuzo emphakathini wendawo, nalapha-ke sizodinga ukuthi osonkontileka bathole izinto zokwakha khona lapha eMzimkhulu kuphinde kuqashwe ama-artisan endawo uma ekhona kanye nabazokwenza imisebenzi enjengokuxova udaka.

Asikazeke siphoxeke nakwamanye ama-*project* lapha eMzimkhulu ngokuthi sizwe izikhalo zokuthi kukhona abafuna ukwazi ukuthi umuntu uyiliphi iqembu lepolitiki ngaphambi kokuba athole itoho. Nakulokhu-ke asingabazi ukuthi ngeke abengamele uhlelo lokuqasha basiphoxe.

Ukufakwa kwetiyela kulo mgwaqo kuzosiza ukuhlanganisa imiphakathi yasemakhaya, ikwazi ukufinyelela kalula emitholampilo nasezikoleni ezigudle lo mzila.

Siyayibongela-ke imiphakathi yakwaNongongqa, eMagqagqeni, eMarhewini, eNomarehanjana, eMakhangala naseNsingizi esizofinyelela ezikoleni iDulati, Enyanisweni, eHilltop, eZibukeli, Entsikeni naseSingisi Adult Centre.

Siyazi futhi ukuthi lo mgwaqo ubalulekile kwezomnotho njengoba uxhumanisa i-Riverside ne-Franklin kuphinde kube i-Creighton neKokstad lapho kuhamba khona amaloli ezingodo. Uphinda futhi ube yindlela yezivakashi eziya eNtsikeni Nature Reserve.

Njengoba ngike ngaveza ukuthi singenisile lapha eMzimkhulu, maningi-ke namanye ama-*project* esiwenzayo. Kulawa amakhulu nje kukhona esizowaqeda kulo nyaka wezimali ka-2013/2014, okusho ukuthi lizophela leli hlandla lalo Hulumeni sesiwadlulisele ngokomthetho emphakathini.

Phakathi kwawo kukhona i-Kleingenoeg iBisi Pedestrian Bridge, iMemeza iBisi Pedestrian Bridge, Engunjini iBisi Pedestrian Bridge.

Kukhona no-P112 ongu-14.5 km, laphaya ohlangothini lwaseMzimkhulu olungaseHighflats, esesiziqalile izinhlelo zokulungiselela ukuwufaka itiyela ngonyaka wezimali ka-2014/2015.

Imigwaqo u-P749 no-P601 ehlangana laphaya ngasedolobheni seyaphela o-*phase* 1 bayo njengoba siqhubeka manje nokuyisebenza o-*phase* 2 bayo.

Ikhona nalena emincane yobhuqu engenela ezindaweni zokuhlala emiphakathini, esithi ama-*access road.* Kuleyo kulo nyaka sifake u-R21 million ukuba yakhiwe lapha kuMasipala waseMzimkhulu.

Kuyona singabala uSt Patrick Local Road ku-Ward 1, uVukuzenzele/Mount Sheba ku-Ward 6 no-4, uThonjeni Local Road ku-Ward 5, uThafeni Local Road ku-Ward 11, uMahlomane ku-Ward 12 noCebe Jabula Access Road ku-Ward 5 no-7.

Siphinde safaka nenye futhi imali engu-R25.250 million ekulungiseni leyo migwaqo yobhuqu edinga ukugugulwa ifakwe inkwali kabusha, lokhu esithi i-*betterment and re-gravelling*.

Leyo ihlanganisa imigwaqo esetshenziswa imiphakathi ukuya esiteshini samaphoyisa eTsikeni, esibhedlela e-Centocow, ezikoleni ezahlukene nakwezinye izindawo zomphakathi.

Lokhu esikubalayo kuqondene noMzimkhulu kuphela. Kodwa ngokohlelo lwesiFunda sonke saseSisonke siyifakile nakhona ibhajethi ka-R343 million kulo nyaka wezimali ka-2013/2014 ukuze kuqhubeke ama-*project* amakhulu kanye nalawa emigwaqo emincane yomphakathi.

Kukhona namathuba azovela koZibambele abangaphezulu kwekhulu abazosebenza kule migwaqo.

Njengoba sithokoziswa ukubona ukuthi namuhla kuqopheka omunye futhi umlando ezimpilweni zabantu baseMzimkhulu, ngibona kubalulekile futhi ukugcizelela isidingo sezokuphepha emgwaqeni kungakaqali nje ukulungiswa kwalo mgwaqo.

Phela sihlale sisho lapho sihamba khona ukuthi asikho isidingo sokwakha imigwaqo ezogcina ithatha izimpilo zabantu njengoba abashayeli bethanda ukushayela budedengu uma imigwaqo isimihle.

Sidinga ukuqinisa imikhankaso yezokuphepha emigwaqeni yethu noma yikuphi lapho sikhona, ukuze sakhe imigwaqo ezothuthukisa abantu hhayi ukubabulala.

Indawo yala yangapha ingenye yalezo esezike zawuhlukumeza kakhulu umoya wami ngezingozi zomgwaqo. Kule ndawo yaseSisonke ikakhulukazi nalapha eMzimkhulu sengike ngabona izinyantisa umzimba ngendlela eyisimanga.

Ngifisa ukuthatha leli thuba ngexwayise abemboni yamatekisi ikakhulukazi laba abasebenzisa amakhumbi abanomkhuba wokudla ngenkani imizila esifakwe itiyela.

Siyazi ukuthi kunabantu abaphula umthetho lapha abasebenzisa amaveni ukuthutha umphakathi. Kodwa futhi siyakuqonda ukuthi lesi kuseyisimo senkukhu neqanda ngoba abanye bazobuza ukuthi yini efika kuqala phakathi komgwaqo omuhle ongazilimazi izimoto nezimoto ezilungele ukuthutha umphakathi.

Siyethemba kodwa ukuthi ngelinye ilanga sizosithola isixazululo sale nselelo. Ngizothanda ukunxusa bonke abanikazi bezithuthi zomphakathi abazosebenzisa yonke le migwaqo esiyilungisayo ukuba basilekelele embhidlangweni wokulwa nokufa kwabantu emigwaqeni yethu.

Sengathi singaphuma lapha sonke sivumelene ngokuthi kusuka manje kuze kube uKhisimusi nangemuva kwawo akekho umuntu ozolahlekelwa impilo yakhe emgwaqeni ngenxa yethu.

Ngalawo mazwi sithi siyawubongela umphakathi waseMzimkhulu, sibonga nokuziphatha kahle kwenu.

**Ngiyabonga.**